


# EKADESHI-BARINEYA

 Wayesaba kakhulu, inhliziy o yakhe yayicishe igijime ngamamayela angamashumi ayisishiyagalolunye ngehora, kubukeka kanjalo. Ubephezulu ekhaya esikhashaneni esedlule, futhi ubesegumbini ezama ukulihamishisisa futhi alilungisise.

<sup>2</sup> Futhi, awu, kungibeka emqondweni kaMfowethu Moore, ngenkathi umfana wakhe omncane, wathi wayefuna ukushumayela. Cishe wayeneminyaka eyisikhombisa noma eyisishiyagalombili ubudala, wayelokhu ethi, “Baba, ngifuna ukushumayela.” Ngakho-ke ngobunye ubusuku, phambi kwebandla, uMnu. Moore wathi, “Manje, bahlobo,” wathi, “UDavid, uhlezi lapha,” ehlezi phezulu lapho njengomfundisi omdala wasesontweni, niyazi, nekhandla lakhe libheke phezulu. Wathi, “Ufuna ukushumayela isikhashana, kulobubusuku.” Ngakho-ke, wagijima wenyukela emsamo. Wagxumela phansi waphuma esihlalweni sakhe, wagijima wenyukela lapho, niyazi, wayesema. Futhi wayecabanga ukuthi uzovele adabule kukho ngqo. Futhi wabheka ngenye indlela, nenye, wathi, “Ngeke kusebenze nje,” wabuyela emuva wase ehlala phansi.

<sup>3</sup> Ngibone izikhathi eziningi, ngicabange ukuthi bekungeke kusebenze. Kodwa nje. . . Lokho kwakulungile, nokho.

<sup>4</sup> Onina babevame ukusiculela, uMabel noMeda. Ngiyathanda ukubezwa becula futhi esikhathini esithile. Beningeke na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Ngingathanda nje ukubezwa becula. Mhlawumbe sizobahlanganisa ngeSonto elizayo ebusuku, futhi bangiculele iculo abalacula ngesikhathi ngihamba ebandleni. Niyakhumbula ngenkathi li, ukuthi li—bekuyiliphi na?

Izihlabathi zigeziwe ezinyathelweni,  
Isihambi . . .

Bese kuthi-ke:

Bayovela eMpumalanga naseNtshonalanga,  
(asibone)  
Ukudla neNkosi, ukudla njengesivakashi saYo.

<sup>5</sup> Ngicabanga ukuthi yindlela elihamba ngayo. Ngingathanda ukubezwa. Bangaki abangathanda ukubezwa, cishe ngeSonto elizayo ebusuku, uma sikhona na? Ningathanda na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Awu, impela. Mabel, ngabe wena ukhona na? Ngabe ulapha, Doc na? Uyakuzwa, noMeda usemva lapho, ukuze bazilolonge kancane. Isizathu, amantombazane azobabalekela, emva kwesikhashana, angeke wona na? Kunjalo. Bafanele bazilolonge kancane manje, futhi baqale kuleli viki elizayo.

<sup>6</sup> Kulobubusuku, ngehla, futhi emizuzwini embalwa nje edlule, umndeni wawusuhambile, futhi ngangingedwa neNkosi, ukuba ngikhuleke kancane. Ngashayela ngehla ngedlula itabernakele elidala futhi ngabona izimoto ziklilele lapha ngaphandle lapha. Niyazi, kuvele kubuyise izinkumbulo zakudala, zesikhathi esidala esesadlula, ngenkathi kwakuvamise ukuba, phakathi lapha, kungenwe, kube nezinkonzo ezinkulu, futhi zibe khona kuze kube ngelesibili nelesithathu nqo ekuseni. Abantu bavele bazihlalele, ndawonye.

<sup>7</sup> Niyazi, abaningi balabo bantu bakudala baphezulu lapha ethuneni namhlanje. Ngiqonde umzimba wabo, kodwa bona baseNkazimulweni. Izizukulwane zilokhu ziza, abasha bekhuphuka. Ngeke kuthathe isikhathi eside size sihambe. Esinye izizukulwane sizo. . . esinye, abasha, bathatha indawo yethu. Ngakho-ke kusifanele ukuphila zonke izinsuku, akunjalo, ngenxa nje yeNkosi kuphela, Yona yodwa.

<sup>8</sup> Manje, ngiyazi ukuthi kusasa lusuku lokusebenza lwabantu okufanele baphume futhi baye emsebenzini. Ngakho-ke si. . . zama ukuphuma kusele eli kulobubusuku. Ngabe inkonzo yombhaphathizo, kukhona okumele kulandele lokhu na? Kulungile.

<sup>9</sup> Manje, leliBhayibheli elidala elibusisiwe liyimephu yomgwaqo eya. . . kusukela embhedeni wengane kuye e-ethuneni, naseZulwini, yonke indlela kudlule. Futhi siyaLithanda, ngoba okuqukethe kwaLeli yilapho sithola khona isu lensindiso ukuze sisindise kuze kube sekugcineni.

<sup>10</sup> Manje, ngaphambi kokuba siLivule, asikhulume kuMlobi, sisakhothamisa amakhanda ethu umzuzwana nje.

<sup>11</sup> Baba wethu waseZulwini, siyaKubonga, kulobubusuku, ngakho konke osekwenziwe, kakade enkonzweni, ngamahubo kanye nange. . . konke osekwenzekile kakade. Futhi siyabonga kulobubusuku ukuhlangana lapha ngaphansi kophahla lwalesi sakhiwo esincane, eGameni leNkosi uJesu, ngalesi sithembiso somusa, ukuthi, “Nomaphi lapho ababili noma abathathu bebuthene khona eGameni laMi, Ngiyoba phakathi kwabo.” Futhi siyazi ukuthi Wena ulapha.

<sup>12</sup> Futhi sijabula kakhulu ukwazi, ukuthi, emva kweminyaka engamakhulu ayishumi nesishiyagalolunye yokushumayela iVangeli, no—nomlando wezwe uhambahamba, nokho Wena uhlala unjalo. Ukuguquka kwesikhathi, ukuguquka kwabantu, ukuguquka kwesizwe, ukuguquka kwezifiso, kanye nezimo zokuziphatha, kepha Wena uhlala unjalo. Futhi sijabula kakhulu ngalokho, kulobubusuku, Baba.

<sup>13</sup> Ngokuba, siyababula ukuthi singakwazi ukufunda iZwi laKho, futhi sibone ukuthi Wawuyini ngaleyonkathi, futhi sazi ukuthi sisondela konothando, oxolelayo, uBaba oqondayo owake wahamba ogwini olunesihlabathi lwaseGalile; wabethelwa,

ethatha indawo yethu, futhi waba isoni esafela esiphambanweni, esikhundleni sethu, ukusithwalela Yena uqobo izono zethu, ukuzisusa, futhi waphonswa esihogweni. Futhi umprofethi wayethe, “Angiyikushiya umphefumulo wakhe esihogweni, futhi ngeke Ngivumele oNgcwele waMi abone ukubola.” Futhi ngosuku lwesithathu wavuka futhi, wenyukela kweliPhezulu, lapho ohlezi khona kulobubusuku ngakwesokunene soMkhulu kaNkulunkulu, ukwenza ukunxusela phezu kokuvuma kwethu. Futhi sinelungelo nenhlanhla ukuvuma lokho, impahla yethu siqu ethengiwe ngeGazi laKho, noma yini Oyifake ohlelweni lwaKho lokuhlenga ngenkathi Ufa futhi wenza ukubuyisana eKalvari.

<sup>14</sup> Futhi, kulobubusuku, Baba, sicela isibusiso esikhethekile kuwo wonke umhambi obuthene phansi kophahla lapha, kulobubusuku, etabernakele.

<sup>15</sup> Siyacela futhi, Baba, amadoda nabesifazane, abafana namantombazane, abangaphandle komkhumbi, kulobubusuku, abangakwazi Wena. Sikhulekela ukuthi Uzoba nabo, futhi ubadonsele kuWe, kulobubusuku, futhi kwangathi uMoya oNgcwele ungangqongqotha ikakhulukazi enhliziyweni yabo, futhi ubashelele kuNkulunkulu uBaba wethu. Siphe khona, Nkosi.

<sup>16</sup> Busisa lonke ibandla nawo wonke umhlangano oqhubekayo emhlabeni wonke, namuhla nakusihlwa. Futhi kwangathi bonke abefundisi bangakhuthazeka ukuba bashumaye, nezinhliziyu zabantu nezindlebe zisokwe, ukuba bezwe nokuba baqonde, futhi uNkulunkulu uzokwamukela inkazimulo. Ngokuba sikucela eGameni likaKristu. Amen.

<sup>17</sup> Futhi kwangathi iNkosi ingengeza isibusiso saYo kulobubusuku, njengoba siza esiphambanweni, ukufundisa kancane ngeZwi. Lolu wuhlobo lwesifundo sikaSonto sikole.

<sup>18</sup> Niyazi, bengicabanga, esikhashaneni esedlule, ngihlezi phezulu lapho. Niyazi, kungaba yinto emangalisayo ngesinye isikhathi, uma . . . Kunesakhiwo esikhulu esingenalutho, ezansi edolobheni lapha, itiyetha endala iDream. Ngicabanga ukuthi izohlalisa abantu abangamakhulu ayishumi nanhlanu kuya ezinkulungwaneni ezimbili. Futhi bekungaba kuhle kakhulu, uma besingaba, ngesinye isikhathi, noma mhlawumbe ukuqhubeka kwamaSonto amaningana ngokulandelana, cishe amasonto amahlanu, futhi sibe nenkonzo yokuphulukisa yangeSonto ntambama, etiyetha endala iDream ezansi lapha, futhi isakaze inkonzo kwesinye seziteshi zendawo, ihora. Ayibizi kakhulu; cishe ishumi nesishiyagalolunye, amadola angamashumi amabili, okuthile okunjalo, ihora. Ngizojabula ukukukhokhela, qobo lwami, futhi uma imihlangano yami laphaya ikuxhasa. Ukuze nje abantu balapha bangeniswe, nendawo enhle yokubathumela, yabaphendukile.

<sup>19</sup> Futhi, niyazi, futhi ngiwujabulele kakhulu umlayezo womelusi wethu kulokhu ukusa, mayelana noku “doba ngenethi.” Futhi ngiyazi ukuthi nonke nenzile. Futhi lokho kulungile. Futhi—futhi sifanele sithole izinhlanzi enetheni, njengoba asho. Futhi lokho kunjalo, niyabo, ufanele ufake izinhlanzi enetheni. Bese-ke, ndawonye, ngani, siyama.

<sup>20</sup> Manje, mina, izolo kusihlwa, kwaMfowethu Junior Cash, ngikholwa ukuthi igama lakhe yilo. Besiphezulu lapho ukuba simkhulumele, izolo kusihlwa, neNkosi yehla ngendlela eyisimangaliso. Futhi balethe intombazane. Into kuphela engiyibonile, lokho bekungaba ngokwemvelo, ukuthi ubungakubona ngeso lakho, oyayisemsamo, kwakuyintombazane eyikhaladi evela ezansi engxenyeni engezansi ye-Indiana, ngezansi kweNew Albany noma ndawondawo, yayisengozini, futhi yayinqamule izinzwa endlebeni nokwephimbo, kangangokuthi yayingakwazi ukukhuluma noma ukuzwa. Nomthambo wawuboshiwe ndawo ndawo, owakhubaza uhlangothi lwayo. Nentombazane, unina, nayo inezinsimbi zokusekela ezinkulu, bezama ukuyiholela phezulu lapho. Intombazane encane nje, umkhazana, futhi mhlawumbe ishumi nesithupha, into ethize ekulolohlelo. Futhi ngandlela thize noma enye, uMoya oNgcwele wabonakala nje ubeka i-Afrika phambi kwami ngqo. Futhi ngayibuka.

<sup>21</sup> Futhi nginombono obhalwe khona lapha encwadini, ukuthi ukubuyela e-Afrika kuzoba kukhulu kakhulu kunomhlangano wokuqala wase-Afrika.

<sup>22</sup> Kwase kuthi-ke, abantu bengazi ukuthi kwakwenzekani, kodwa umbono owenzekayo. Futhi ngathi, “Baba waseZulwini. . .”

<sup>23</sup> Hhayi ukuthi sicela izimanga. IBhayibheli lathi, “Isizukulwane esibuthakathaka nesiphingayo sifuna izimanga.” Futhi asizifuni izimanga, kodwa uNkulunkulu wenza izimanga. Khona kanye ngesikhathi esifanayo Washo lokho, Wayenza izimanga. Kodwa—kodwa uma sizifuna, sifanele sibe nezimanga, into ezosibonisa thina, ubufakazi obuthile ukuthi—ukuthi sisindisiwe, noma into enjalo; angikholelwa ebufakazini. Ngiyabukholwa ubufakazi bokuthi sisindisiwe, sathatha uNkulunkulu eZwini laKhe. Yilokho okukwedlula konke engikwaziyo. Bese kulandela izithelo.

<sup>24</sup> Manje, ngaMcela ukuthi Angevele asiphe khona, njengo—njengophawu lokuthi kwase kuyisikhathi sokubuyela e-Afrika; okungukuthi, abathintwayo bethu baya ngokuqina ngaso sonke isikhathi. Futhi lapho sikhulekela leyontombazane, yayikwazi ukukhuluma futhi izwe futhi inyakaze. Kwakumangalisa nje ukubona lokho iNkosi yethu eyayingakwenza.

<sup>25</sup> Futhi ngakho-ke siyajabula kulobubusuku ngalokho, sazi ukuthi lelokhaya elihle, noma ngabe likuphi, ujabule kakhulu

namuhla ebusuku ukubona leyo ntombazane. Kwenzeka kanjani, lapho imizwa yayinqunywe yonke na? Niyabo? Akukho ndlela, nhlobo. Qhabo, lutho. Yenziwa yasikwa futhi yaboshwa, umuzwa wolimi noma wephimbo, kanye nasekuzweni. Okungukuthi, bobabili basemuzweni owodwa, kodwa wanqanyulwa yingozi. Kodwa, uNkulunkulu, ngandlela thize. . .

<sup>26</sup> Bangaki ababekhona futhi bezwa intombazane ikhuluma na? Ake sibone lapha. Kunjalo. Futhi yayikwazi ukukhuluma futhi izwe futhi ikhulume.

Ngiyokhuluma *kanje*. Ngathi, “Uyangizwa na?”

Yathi, “Ya.”

“Uyangizwa futhi?” Ngathi, “Yithi, ‘Mama.’”

Yathi, “Mama.”

Ngithi, “Yithi, ‘uJesu.’”

Wathi, “Jesu,” futhi yaqhubeka futhi yakhuluma.

<sup>27</sup> Ngakho-ke, iNkosi iyamangalisa (Yona ayinjalo na?), igcwele umusa. [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.]

<sup>28</sup> Bese kuthi-ke ngiphumile ezinkonzweni zokuphulukisa manje amaviki amabili, kwathi ukuthola inhliziyi yami ishaya ngamandla futhi, ngilungele enye inkonzo.

<sup>29</sup> Manje, ngale eNcwadini kaNumeri. Ngiyalithanda iTestamente eLidala. Futhi sizoba nesifundo kulobubusuku, manje eNcwadini kaNumeri. UNumeri, isahluko se 13 nevesi la 30, ngifunda nje ivesi elilodwa okwesisekelo, nokwesiqalo.

<sup>30</sup> Bese kuthi-ke, niyabo, uma sifunda ivesi elilodwa eBhayibhelini. . . Ngazi le nto eyodwa: izwi lami lizokwehluleka, ngoba ngingumuntu. Kodwa leloZwi likaNkulunkulu alisoze lehluleka, ngoba LiyiZwi likaNkulunkulu. Futhi, ngakho-ke, ivesi elilodwa eliphuma Lapha lizonikeza isisekelo esanele sokuthi wonke umuntu ozayo uzobusiswa, ngoba akukho nje okungaphezu kokufunda iZwi.

Manje, evesini la 30.

*UKalebi wabathulisa abantu phambi kukaMose, wathi, Masikhuphuke masinyane, silidle; ngoba si. . . kwazi ukulingqoba.*

<sup>31</sup> Futhi kwangathi iNkosi ingengeza izibusiso zaYo eZwini. Manje, indaba yami kulobubusuku ithi: *EKadeshi-Barneya*. Futhi lesi sihloko esicatshangelwayo, okwesendlelelo esincane nje, ukukhuphula kuze kufike endawaneni lapho, uma iNkosi ithanda. . .

<sup>32</sup> Konke lokhu, kusobala, akukaze kuhlelwe kusengaphambili. Kukhulunywa nje ngokuphefumulelwa, njengoba nje kunikezwa. Angikaze ngibe nokufundiswa ukufunda ukukushumayela. Futhi ngikuzamile, kane noma kahlanu, futhi

ngempela ngenza inkilayitheka embi kabi kukho. A—angazi nje ukuthi ngikwenze kanjani. Kodwa, ngiyaMthanda, futhi ngethembele kuYe. Futhi ngiyazi ukuthi nonke niyakwenza, nani.

<sup>33</sup> Ngakho-ke, manje, ekuqaleni, lesi isithombe, lowoNkulunkulu...Ishlakalo esikhulu seBhayibheli, uNkulunkulu asihlelele sona lapha, ukuze ngalokho siphumelele. Ngiyakholwa, ngale kumaHeberu isahluko se 10, noma isahluko se 12, sathi, “Njengalokhu sihaqwe yifu elingaka lawofakazi, masilahle konke okusindayo, nesono esithandela kalula kangaka kithi, ukuze sigijime ngokubekezela kulokhu kuncintiselana esikumiselweyo, sibheke kumqalisi nomphelisi wokukholwa kwethu, iNkosi uJesu Kristu.”

<sup>34</sup> Manje, lonke iTestamente eLidala, nazo zonke izimilo nezici zaLo, kwakuyisithunzi nje kuphela so—umcengezi, noma itshe eliyisihluthulelo, iTestamente eLisha, owahlanganisa umthetho kanye nalesi simiselo sesikhathi ndawonye. Abantu abanengi baye babhekisela lokhu njengesimiselo sesikhathi sobuKristu, kodwa akunjalo. Lesi yisimiselo sesikhathi sikaMoya oNgcwele. Isimiselo sesikhathi sobuKristu sathatha iminyaka emithathu nezinyanga eziyisithupha. Umthetho wathatha amakhulu amaningana eminyaka. Bese kuthi-ke isimiselo sesikhathi sobuKristu isona esahlanganisa, noma esafaka itshe eliyisihluthulelo, iTestamente eLisha neLidala ndawonye.

<sup>35</sup> Futhi izikhathi eziningi, ngale eBhayibhelini, siyabona, futhi izikhathi eziningi kubhekiselwa ekutheni, “IZenzo zabaPhostoli,” kubizwa kanjalo. Ngihlale ngithanda ukubhekisela kukho njenge “Zenzo zikaMoya oNgcwele kubaPhostoli.” Ngoba, abaphostoli babengamadoda nje, kodwa kwakunguMoya oNgcwele kubaphostoli, eveza umnyakazo waKhe. Futhi uMoya oNgcwele nguMoya weNkosi uJesu Kristu owehlele phezu kweBandla, ukuqhubeka nemisebenzi yeNkosi uJesu, ekumukeni kwaKhe. Kungukunikeza ukuKhanya kweVangeli, ekukhanyeni okuncane, kunanjengoba kwakunjalo ngenkathi uKristu wayelapha.

<sup>36</sup> Njengenyanga nelanga. Inyanga iyakhuphuka, ukunikeza ukukhanya ekungabeni bikho kwelanga, lize liphinde liphume futhi, bese-ke inyanga iyacisha. Futhi ilanga liwukukhanya okugqame kakhulu, kangangokuthi likhipha ukukhanya kwenyanga. Kodwa kuyini ukukhanya kwenyanga na? Kungukubonakalisa kwelanga enyangeni.

<sup>37</sup> Futhi lokho kufana noKristu. Ngenkathi Elapha, WayengukuKhanya kwezwe. Wasuka, futhi ekhanya ebuyela eBandleni laKhe, ukubonakalisa ukuKhanya kwaKhe ezweni namuhla, ukuKhanya ukuba kuhanjwe kukho Aze abuye. Bese kuthi-ke kukho konke kuzonikezwa Yena. Futhi Yena uzohlala

esihlalweni sobukhosi seNkosi uDavide, futhia abuse njalo njalo.

<sup>38</sup> Manje, iTestamente eLidala lingumfanekiso omuhle, siyafanisa lapho futhi sibone zonke lezozinto zenzeka kubantu, ukuze sibheke izibonelo.

<sup>39</sup> Manje, uNkulunkulu ezibusa, futhi njengoba bengifundisa nje namhlanje, ekhaya lapho bengimenyelwe khona idina. Babefuna ukwazi ukuthi babezobazi yini abathandiweyo babo, lapho behlangana nabo eNkazimulweni.

<sup>40</sup> “Awu,” ngathi, “ngokuqinisekile, siyobazi.” Niyabo, si—sise...

<sup>41</sup> Sinemizimba emithathu ehlukene esihlala kuyo. Omunye ungumuntu, omunye ungowasezulwini, kanti omunye ungokhazimulisiwe. Futhi-ke uma sazana emzimbeni womuntu, umzimba ofayo, kakhulu kangakanani sizokwazi, omunye nomunye, emzimbeni okhazimulisiweyo!

<sup>42</sup> Kufana nokuthi, uma umthetho ungaveza into enhle, umusa ungaveza into enkulu kangakanani, ngoba mukhulu kunomthetho!

<sup>43</sup> Futhi uma inyanga ingakhiqiza ingxenye ethile yokukhanya, ilanga liyoyidlula kangakanani-ke, lapho ifika! Futhi ngokuqinisekile siyokwazana.

<sup>44</sup> Futhi manje kufana nje, njengoba ngisho, siqhubeke sikhula olwazini, isidalwa esingumuntu. Wazi kakhulu manje kunangesikhathi wenza usengumfanyana noma intombazanyana, ngoba uya ngokuhlakanipha ngokwengeziwe. Futhi sonke isintu siya ngokuhlakanipha. Kodwa, ngabe niqaphelile, umbuso wezilwane awulokothi uhlakaniphe ngokwengeziwe na? Niyazi, manje usuhlala endlini engcono kunokuba umkhulu wakho wenza. Futhi cishe abantwana bakho bazohlala endlini engcono kakhulu kunaleyo onayo manje.

<sup>45</sup> Kodwa maduze nje, ngiyakholwa, kwi*Reader's Digest* noma ndawondawo, Bengifunda isihloko lapho bathatha khona inyoni encanyana eculayo, futhi bayifaka esibiyelweni, kungekho lutho engakha ngalo isidleke. Futhi yayifanele izalele amaqanda ayo kwiphansi lesibiyelo. Futhi bazichamusela, izinyoni ezincanyana eziculayo. Futhi bathatha lezo zinyoni ezincanyana eziculayo bazifaka esibiyelweni, ngaphandle kwanoma yini yokwakha isidleke. Lapho zichamusela, kwaze kwaba sezizukulwaneni eziyishumi nanhlanu, izizukulwane eziyishumi nanhlanu ezehlukene, ukubona ukuthi bekungayiguqula yini imvelo. Khona-ke, lokho kwakuyothatha iminyaka eyishumi nanhlanu, ngoba izinyoni ezincane eziculayo zinesidleke esisodwa samaqanda ngonyaka. Futhi emva kweminyaka eyishumi nanhlanu, bakhulula enye inyoni encanyana eculayo, yabalandela emva kwayo, ye—yeminyaka eyishumi nanhlanu, yayingakaze ibe notshani obomile bokwakha isidleke, noma

lutho; futhi babeka lentoni encanyana eculayo endaweni, futhi into yokuqala eyayenzayo kwakungukususa futhi yakhe isidleke. Izinyoni zakha isidleke sazo njengoba nje zenza ensimini yase-Edene.

<sup>46</sup> Kodwa umuntu uyaqhubeka ethuthuka, uqhubeka ehlakanipha ngokwengeziwe. Konke... Umkhulu wakho, njengoba ngishilo, wahamba wayobona ugogo, ngenqola yezinkabi. Ubabayi wakho wahamba wayobona umama, eshayela ihhashi nekalishi. Ngaya kobona umkami, ngemoto yohlobo lwe-T Ford. Umfana wami unendlela yejubane engamasilinda ayisishiyagalombili, noma ngabe ukubiza ngani. Mhlawumbe abazukulu bazoba nendiza yejethi.

<sup>47</sup> Yileyo ndlela, siqhubeka nokuthuthuka, ngoba sinomphefumulo. Manje, inyoni ayinawo umphefumulo. Kodwa thina sinawo umphefumulo. Asisuye umdali; kodwa singaphendukezela. Manje, asikwazi ukudala imithi yamapulangwe; kodwa singathatha imithi yamapulangwe, emva kokuba uNkulunkulu esedalile, futhi sakhe indlu ngayo. Ngoba, siyinzalo kaNkulunkulu, amadodana namadodakazi kaNkulunkulu. Akunandaba ukuthi siwe kanjani, noma kunjalo sifanele siqonde ukuthi singamadodana namadodakazi kaNkulunkulu. Efeni lethu eliwile, sisengamadodana namadodakazi.

<sup>48</sup> UNkulunkulu wenza isithembiso; UNkulunkulu ufanele asigcine leso sithembiso. O, ngethamba ukuthi niyakubona. Ukuba nje beningaqonda kuphela, bandla, kulobubusuku, futhi niqonde, ubungeke usuke ensikeni uye esigxotsheni, futhi ujoyina *lelibandla nalelobandla*. Ubungeke ufune izinto zezwe, ukuletha injabulo kuwe. Ubungeke ufune ukusuka kwenye inkonzo yokuphulukisa uye kwenye. Ubungathatha uNkulunkulu eZwini laKhe, futhi wazi ukuthi sekuphelile. Ngokuqinisekile. Uma uNkulunkulu enza isithembiso, Angeke asuke kuleso sithembiso. U—Ubophezelekile ukugcina iZwi laKhe.

<sup>49</sup> Ngizwe umuntu ethi, “Awu, ba—bayohlubuka, futhi bahlehle.” Futhi ungakwenza lokho. “Awu, ngilahlekile noNkulunkulu.” Uma uke watholakala ukanye naYe, awusoze walahleka ukanye naYe, ngoba uNkulunkulu akakwazi ukukusindisa bese ekufulathela futhi akwale. Uma Ubeyokwenza, Wehlula inhloso yaKhe uqobo. Ngakho-ke, Angeke akwenze lokho. Ngakho-ke lapho uNkulunkulu . . .

<sup>50</sup> Sihlakanipha ngokwengeziwe, kodwa uNkulunkulu wayengenasiphelo kwasekuqaleni. Wayephelele. Akalokothi aye ngokuhlakanipha ngokwengeziwe. Uhlale efana. Ngakho-ke, uma inhlekelele ethile iphakama, futhi uNkulunkulu enze ngendlela ewukuthi-nokuthi kuleyo nhlekelele; khona-ke uma inhlekelele efanayo ivuka futhi, uma Engenzi ngendlela efanayo,



Wenza ngokuyiphutha ngenkathi Enza *lapha*. Niyabo? Ngakho-ke Ufanele afane, ngaso sonke isikhathi, kungakhathaleki nganoma yimuphi unyaka.

<sup>51</sup> Futhi ukuthi abantu bangachaza kanjani futhi bazame ukususa aMandla obuNkulunkulu, angikuqondi. Ngoba, uma uKristu enguye izolo, namuhla, naphakade, aManda aKhe ayafana, isimo saKhe sokuziphatha siyafana. Futhi njengoba Wayenjalo ngaleyonkathi, Unjalo manje, futhi uyoba njalo ingunaphakade. Ngeke nje kuthathe lutho kuYe. Yilokho kuphela.

<sup>52</sup> Futhi uma Avuka ngezinsuku zohambo lwaKhe lwasemhlabeni, futhi waphulukisa abagulayo lokho kwakungaleya kokunakekelwa odokotela, futhi wabaphulukisa; uma Enze ngaleyondlela kuleyo nhlekelele, uma Enguye izolo, namuhla, naphakade, Uzofanele enze ngendlela efanayo namhlanje, kungenjalo Wenze okungalungile kulababantu. Niyabo?

<sup>53</sup> Uma Enza isithembiso lapho, futhi wadingeka ahlale naso, Wenza isithembiso *lapha*, Ufanele ahlale naso. Umele enze njalo nje. Akukho lutho olungalungile ngoNkulunkulu, kanye nesithembiso saKhe. Iphutha likithi, hhayi ukukholwa ukukholwa, noma ukuMthatha eZwini laKhe.

<sup>54</sup> Manje, niyabo, ukuba besinobuhlakani benyoni, besiyokwenza njengoba zenza ekuqaleni.

<sup>55</sup> Kepha, sihlakanipha kakhulu, sichaza umhlaba wonke kude, futhi sithi, “O, kwakungosuku oselwedlule,” futhi sakha olunye uhlobo lwesimo. Esikhundleni sokuthatha uNkulunkulu eZwini laKhe, sivele siqale inhlango entsha. Niyabo? “Awu, *lena* yindlela uNkulunkulu azokwenza ngayo, futhi *yileyondlela* uNkulunkulu azokwenza ngayo.”

<sup>56</sup> Uma thina, njengezinyoni, futhi singaguqukanga, futhi ngangingekho ezisekelweni zenkululeko yokuzikhethela, besiyovele sithathe uNkulunkulu eZwini laKhe, futhi lokho bekuzokuxazulula, futhi yilokho kuphela. “UNkulunkulu washo njalo, ngakho-ke yilokho kuphela okukukho.” Kuhle kangakanani, ukuthola ukuthi uNkulunkulu weqiniso nophilayo usaphila nanamuhla. Phakathi kwazo zonke izinxushunxushu, namanje uNkulunkulu uyaphila futhi uyabusa.

<sup>57</sup> Manje, lababantu besivumelwano, u-Israyeli, ezansi e—eGibhithe, ngenxa yokungalaleli, nokuthengisa umfowabo uJosefa. Futhi wehliselwa eGibhithe, futhi waba lapho iminyaka engamakhulu amane, ngaphansi kobugqila. Ngifuna nina niqaphele, abazange balahlekelwe isivumelwano sabo. Balahlekelwa inkululeko yabo, hhayi isivumelwano sabo. Lapho uNkulunkulu enza isivumelwano no-Abrahama, u-Isaka, noJakobe, ukuthi Wazifunga Yena uqobo ukuthi Wayeyosindisa

u-Abrahama nenzalo yakhe emva kwakhe, uNkulunkulu ubophezelekile ukusigcina lesi sithembiso.

<sup>58</sup> Futhi nje Ubophezelekile kuwena nje, kulesosithembiso, njengoba Wayenjalo ku-Abrahama, esethembisweni. Kunjalo, uma uyiNzalo ka-Abrahama. Uba kanjani inzalo ka-Abrahama na? “Thina esifele kuKristu sithatha iNzalo ka-Abrahama,” kusho iBhayibheli, “futhi siyizindlalifa ngokwesithembiso,” khona-ke uNkulunkulu ubophezelekile kuwe njengoba Wayenjalo ku-Abrahama. Wathi, lokho kuzosusa lonke uvalo kukho! UNkulunkulu akafuni ukuba wesabe lutho. Phumula ngesizotha phezu kwalokho Akusho.

<sup>59</sup> Esikudingayo namuhla ngomunye umuntu ozophonsela inselele ihora esiphila kulo. Kunjalo. Ngosuku lapho sekungene ukungezwani nakho konke okunye ngesinyelela, ngaphansi kwegama lenkolo nokunye nokunye, nangaphansi kwegama lensindiso, iVangeli. Sidinga umuntu othile ozovuswa phakathi kwethu, njengoba uNkulunkulu avusa uMose ukuba athathe indawo ngalolosuku. Yebo.

<sup>60</sup> Babengalahlekelwanga yisivumelwano sabo. Babelahlekelwe yinkululeko yabo. Babeyizigqila, kodwa isivumelwano saqhubeka.

<sup>61</sup> Futhi ngolunye usuku ezansi lapho, ngenkathi bebubula futhi bekhala, ngaphansi kwabacindezeli baseGibhithe, ngoba base bebeyizigqila. Ngifuna usiqaphele lesi sithombe esihle. Futhi lokhu kungaba kuhle kwabezomthetho. Lalelani. UNkulunkulu akakaze ehle futhi athi, “Manje, uma uzokwenza into *ethize*. Uma uzokwenza into *ethize*.” Umusa kaNkulunkulu wahlinzeka umsindisi, uMose. Kunjalo. UMose akazange alethwe ngaphansi kwanoma yiziphi izimo, kodwa ngomusa ozibusayo, uNkulunkulu wathumela uMose. Hhayi umsindisi kuphela, kodwa umusa wahlinzeka ngomkhululi; ngaphandle kwanoma yimuphi umthetho, ngaphandle kwalutho. Umusa onesizotha nje kaNkulunkulu, Wathumela phansi uMose ukuba abe ngu—umkhululi nomsindisi wesizwe, ukubakhipha.

<sup>62</sup> Uma ngicabanga ngalokho, khona-ke ngiqala ukukhumbula ukuthi uNkulunkulu ofanayo, owayekanye nabantu besivumelwano eGibhithe, unguye ngempela... Ngaphansi kwayo yonke ingcindezi nokunganaki ibandla elikukho kulobubusuku, Uyokwenza, ngomusa woBuYena uqobo, athumele umkhululi. Siqinisekile nje ngokuthola ukuthululwa kukaMoya oNgwele, kulezizinsuku zokugcina, njengoba sihlezi kulelibandla kulobubusuku. UNkulunkulu wenze kubantu besivumelwano, ngaphandle komzamo wabo. Kodwa, Wathumela ngesihle eZulwini, kubantu baKhe besivumelwano, isenzo somusa. Phezu kukozi busa kwesithembiso saKhe, Wathumela uMose.

63 Futhi enhlekeleleni efanayo, ngenkathi abantu babesebugqilini, futhi ngaphansi kwayo yonke into, ijoka lesono, nokugula nenkathazo namuhla; Uqinisekile nje ukuthi uzothumela uJesu Kristu okwesibili, njengoba Athumela uMose ekuqaleni. Lapho inhlekelele iphakama, uNkulunkulu wenza ngomusa omkhulu. Uzofanele enze into efanayo phansi kwesenzo esifanayo, kungenjalo Wenza iphutha ngenkathi Enza emuva lapho. Niyakubona na?

64 Engizama ukukuthola yilokhu. Isono esikhulu kunazo zonke engisithola eBandleni namuhla ukungakholwa. Yiso kuphela isono esikhona. Asikho esinye isono ngaphandle kokungakholwa. Kungakanani okwalobo busuku phandle lapho, kungakanani ubumnyama na? Ubungeke usho, “Kumnyama kakhulu *kangaka*,” lapho kuphuma ezandleni zami kumnyama konke.

65 Manje kunendlela eyodwa kuphela yokukhetha nokunquma isono. Lokho akusikho ukuthi uyaphuza, noma uyabhema, noma uyagembula. Kukhonjwe ngalendlela: ngoba ungongakholwa, uyakwenza lokho. Futhi lokho kuyiqiniso. Ngoba uyagembula, ngoba uqamba amanga, ngoba uyeba, lezo zinto azisona isono. Lokho kuyimiphumela yesono. Lokho kungenxa yokuthi kuwena kuhlala umoya ohlukile. Uma ubuyikholwa, ikholwa eliqinile, lezo zinto beziyoba ngezifile futhi zimnyama njengobusuku obuphambi kwakho. Impela. Niyabo? Lezo zinto ziyingxene engahlukaniseki yokungakholwa.

66 KuJohane oNgcwele, isahluko se 3, uJesu wathi, “Ongakholwayo uselahliwe.” Awutholi ngisho nesisekelo sokuqala. Ulahliwe, kwasekuqaleni.

67 Ngakho-ke, akusho ukuthi ufanele ube nenduku yokulinganisa ebandleni lakho, “Uma wenza *lokhu*; uma ulinganiseka kulemithetho; uma ulinganiseka *kulowo* mthetho.” Izikhathi eziningi, abantu bayobeka eceleni izinto ezincane kanjalo, ukuba babe ngowebandla; futhi into isesezinhliziyweni yabo, futhi bathi nyelele futhi bakwenze. Kodwa uma umuntu esehlangabezane nezidingakalo zikaNkulunkulu, futhi esezelwe kabusha ngoMoya kaNkulunkulu, lezozinto zikhishiwe empilweni yakhe. Akafuni ukuzenza.

68 Ungathini nje? Ingulube izoya enqwabeni yomquba, futhi iyodla. A—Angiyisoli. Iyingulube. Yilokho okuyenza ikwenze. Kodwa awusoze wathola iwundlu ukwenza lokho. Ngoba, kunezimvelo ezimbili. Ingulube inemvelo eyodwa, newundlu linenye imvelo. Futhi inqobo nje uma ungagcina leyomvelo efanayo kuleyongulube, akunandaba ukuthi uzama kanjani ukuyihlanza, izoba yimvelo efanayo ngoba iyingulube, kwasekuqaleni.

<sup>69</sup> Futhi ngakho-ke, izikhathi eziningi, sithatha abantu futhi sibangenise ebandleni, nokunye nokunye kanjalo, sibenze amalungu, kuyilapho bengasindiswanga neze.

<sup>70</sup> Yingalesosizathu namhlanje, ukuthi ingxubevange enjalo, njengabusweni babantu, abazi ukuthi bajike ngaphi. Babona abantu abazibiza ngobuKristu, futhi abehlukile ezweni. Yingoba umuntu akakaze ahlangani, noma ake azalwe ngokusha, akakaze ayemukele iNkosi uJesu, akakaze akholwe yiYo. Kungenzeka ukuthi basetshenziwe. Kungenzeka ukuthi basinile. Kungenzeka ukuthi bamemeza. Kungenzeka ukuthi bakhuluma ngezilimi. Bangahle ukuba benze zonke lezizinto, kodwa abakaze neze beze kuMuntu, uKristu Jesu, futhi empeleni bazalwe ngokusha. Ezinhliziyweni zabo, lezi zinto ziyafa, imvelo iyaguqulwa, futhi kuzalwa umuntu omusha.

<sup>71</sup> Manje, lapho uMose esekhulile, wenqaba ukubizwa ngokuthi indodana yendodakazi kaFaro. Ngemva kwalokho wabulala umGibhithe. Kodwa uNkulunkulu wayenaye phandle kwaMidiyani, futhi wambuyisela emuva. Futhi ebusweni balesosihlahla esivuthayo, ngalolosuku, wemukela isehlakalo esahlala naye isikhathi eside esaphila. Futhi njengoba ngishilo izolo ebusuku, ngisho njalo nanamuhla, leyondoda... akunandaba ukuthi uMose wafundiswa kahle kangakanani, ukuthi wayazi isayense yezenkolo engakanani, ukuthi wayeyilungu lebandla elihle kangakanani. Futhi wayenothisha omuhle, umama. Wakhuliswa ngaphansi kwayo yonke imfundiso yemfundo eyayingalethwa. Wayeyindodana yenkosi. Kodwa yena noma kunjalo, ezama kuye uqobo, wehluleka ukuwedlulisa. Kodwa emizuzwini emihlanu eBukhloneni besihlahla esivuthayo, uba ngumuntu omusha. Kukhona okwenzekile.

<sup>72</sup> Futhi esikudingayo namuhla, emakolishi ethu ezenkolo, akusiyo isayensi yezenkolo ininga kangako okufanele ifundiswe, kodwa isehlakalo sesihlahla esivuthayo, lapho abantu behla phambi kukaNkulunkulu futhi bahlangane naYe ubuso nobuso. Siyaminga ophonsela inselele namuhla njengoba sasinaye ngalolo suku. Esikudingayo owesilisa nabesifazane abahlangane noNkulunkulu, futhi bazi ukuthi bakhuluma ngani. Hhayi umuntu ozama ukufundisa encwadini ethize yebandla, noma isayense yezenkolo evulekile. Esikudingayo namuhla, indoda ekade isebukhloneni besihlahla esivuthayo, esizelwe ngokusha, futhi yashintshwa futhi yenziwa isidalwa esisha. Yilolo hlobo lomuntu esiludingayo namuhla. Lolo wuhlobo lomuntu ozohlala emgqeni wokudubula, kungakhathaleki ukuthi kuza noma kuhambani.

<sup>73</sup> UMose, emva kokuba esemukele ukuthunywa kwakhe, wehlela eGibhithe futhi wakhulula abantwana bakwa-Israyeli. Iphutha elilodwa elikhulu siyalithola, nento eyodwa enkulu. Njengoba kwakunjalo ngalolosuku, kunjalo nanamuhla. Ngenkathi, sithola ukuthi uMose wehla futhi wathatha

abantwana bakwa-Israyeli futhi wabakhipha, isimangaliso sase senziwe.

<sup>74</sup> Manje nakhu. Angifuni ukukuzwisa ubuhlungu, angifuni ukukunyakazisa noma ngikudluthule isikhumba, kodwa ngifisa ukushumayela iQiniso. Kunento eyodwa ngakho, mfowethu, iQiniso alisoze lakwenza uthandwe ngabantu, kodwa iQiniso liyokwenza wethembeke. Yinto eyodwa enhle leyo. Futhi ubungakhethanga ukwethembeka kunokuthandwa ngabantu na? Impela ubunakho.

<sup>75</sup> Manje, ngifuna nazi, ukuthi, ngenkathi kwenzeka izimanga, izimanga zenziwa, izibonakaliso nezimangaliso. Futhi lapho bephuma, iBhayibheli lathi, “Kwaphuma isixuku sabantu,” iqembu elixubile labantu. Abanye babo, amakholwa; abanye, benza sengathi bayakholwa. I—izimanga ezinkulu zazenziwe. Abantu baphuma njengamakholwa azishoyo, futhi babengewona amakholwa.

<sup>76</sup> Futhi yilapho isigejane esikhulu senkathazo yethu silele khona namuhla. Singabeka umunwe wethu kukho. Ngabesilisa nabesifazane abeza ebandleni futhi bazisho ukuthi bangamakholwa, futhi abawona amakholwa. Ngikutholile epulpiti. Ngitholile emgqeni womkhuleko. Ngikutholile yonke indawo, lapho kungena amadoda, nabesifazane, abathi, “Ngiyikholwa,” futhi bazisho ukuthi bayikholwa, futhi abasiwo amakholwa.

<sup>77</sup> Futhi yilokho okwaqala inkathazo ka-Israyeli. Lapho befika endaweni, ukuthi bathola ukuthi laba bantu baphuma. Impela, okungaphezu kwemvelo kwakwenziwe.

<sup>78</sup> Yilokho esikuthola emazingeni ethu namuhla, emabandleni ethu. UNkulunkulu usefikile enkundleni. Uphulukisa abagulayo. Uvuse abafuleyo. Uvule amehlo ezimpumputhe. Wenza izithulu zizwe, nezimungulu zikhulume. Uphilisa abakhubazekile. Ususa umdlavuzo kubantu. Thina... Lokho akunakuphikwa. Lokho ngezinkulungwane. Futhi ngesinye isikhathi kwaqala, kusukela khona lapha ku-Eighth noPenn Street, futhi manje emhlabeni wonke ngemililo yemvuselelo eyizinkulungwane eziyishumi ivutha emagqumeni azo zonke izizwe zabahedeni nakwezinye izindawo. Izibonakaliso nezimangaliso ziyenziwa. Izinto ezinkulu ziyanyakaza. UNkulunkulu ekuhambeni! Sisesikhathini sokuphela, umgamamxos wesikhathi.

<sup>79</sup> Ngakho-ke siyathola, kulokhu, kuhamba isixuku esixubile. Izikhathi eziningi, abantu bakaNkulunkulu bethi, “Yebo, yimi. Ngizokwenza *lokhu*.” Futhi sithola ukuthi labobantu babengabenyama. Kwathi nje kufika umshikashika omncane wokuqala, bafisa ukubuyela eGibhithe. Babefuna izimbiza zikagalikhi. Babefuna izinhlanzi eziphuma emfuleni. Babefuna

ishaladi nogalikhhi. Babefuna izinto ababenazo ezansi eGibhithe.

<sup>80</sup> Lolo wuhlobo oluhle noluphelele lwelungu lebandla lenyama namuhla. Yena uthanda izinto zezwe ngoba akasiye okaNkulunkulu. IBhayibheli lathi, “Uma uthanda izwe noma izinto zezwe, uthando lukaNkulunkulu alukho ngisho kuwe.” NoKristu uqinisile kuyo yonke inkulumo yaKhe. Futhi lokho kuyiqiniso. Futhi namuhla sithola abantu bephuma . . .

<sup>81</sup> O, ngifisa sengathi uNkulunkulu, ngandlela thize, ubengabeka lokhu ohlangothini lwesobunxele, ngaphansi kobambo lwesihlanu, futhi akugxobe. Indoda, noma ungazama kangakanani ukuzenzisa, uma sekukhulunywa ngobunzima, indoda izokhombisa amaphuzu ayo awedlula onke namabi ukuwedlula onke ngaphansi kobunzima. Thatha umKristu ngesinye isikhathi, futhi umfake ngaphansi kokubunzima futhi ubhekisise ukuthi uziphatha kanjani, futhi ungakwazi ukusho ukuthi wenziwa ngani. Wonke umuntu angahamba kahle, wonke umuntu angayidumisa iNkosi, ngenkathi uMoya oNgcwele uwela ebandleni labantu; kodwa makuvuke inkathazo, futhi ubhekisise ukuthi kwenzekani, bhekisisa ukuthi kwenzekani ngaleyonkathi. Khona-ke, ngabe uyawa na? Ngabe ungomunye wesixuku esixubile na? Ingabe ungumuntu ongakwazi, njengoba isisho somgwaqo sisho, “Awukwazi ukukuthatha”? Yilokho-ke, awukwazi ukumelana nakho. Mfowethu, uma unaleyondlela, ukhulubuka nokwehla nokwenyuka, nokungena nokuphuma, kungani ungezi eKalvari futhi ufe kuwe uqobo, futhi uzalwe ngokusha ngoMoya kaNkulunkulu na? Amen. Nginyanidabukela; nina enizibiza ngobuKristu, nina enihlala emabandleni enu.

<sup>82</sup> Asinamalungu lapha. Uyeza nje lapha. Nisonta kuwo onke amabandla ahlukene.

<sup>83</sup> Kodwa, nina bantu enizisho ukuthi ningamaKristu, bese niphila into engaphandle eningeyona, uyisikweletu emphakathini weNkosi uJesu Kristu. Amen. Nina enizisho ukuthi ningamaKristu, futhi ninamahloni ukuMthatha eZwini laKhe, noma ukufakaza emandleni aKhe nenkazimulo, nganoma ngasiphi isikhathi, uyisikweletu eGameni leNkosi uJesu Kristu. Amen. Yiqiniso lelo. Kunjalo. Yima eZwini. Zika noma uminze, yima eZwini laKhe.

<sup>84</sup> U-Abrahama wayefanele akwenze, futhi wabiza lezozinto ezazingekho, njengokungathi zazikhona. Futhi wamkholwa uNkulunkulu, kwabalelwa kuye ukuthi kungukulungu.

<sup>85</sup> Esikudingayo namuhla ukukhipha ithambo lesifuba, nomgogodla ofakwe ebuKristwini. Kukhona. Into esiyidingayo amanye amaKristu azelwe ngokusha, abesilisa nabesifazane, abazokuthi, lapho bebona ukuhlupheka kuphakama, bangasheleli, bangawi, bangapheleli ngalendlela, babe ngabahlanganyeli kukho, kodwa owesilisa noma owesifazane

oyoma futhi abonise imibala yabo. Ngisho nabangane bakho bazokwazisa kakhulu uma uzokwenza lokho.

<sup>86</sup> Iyiphi indoda, engamazisi owesifazane na? Makabe mubi njengothango olwaxhiwe ngodaka lunamekwe ngonoshobishobi. Makabe mubi njengoba engase abe mubi, kodwa makabe yinenekazi elinesimilo ngokwanele ukuba limele izimilo zowesifazane. Akukho-ndoda, ezweni, engeke yakhumula isigqoko sayo ngaye, uma ine awunsi lendoda kuyo.

<sup>87</sup> Futhi uma umuntu ebhekana nalokho, eyindodana kaNkulunkulu ewileyo, uNkulunkulu uqobo uzocabangani ngomuntu ozoma phezu kwezinkolelo zakhe, abize okulungile ngoku “lungile,” nokungalungile ngoku “ngalungile.” Esikudingayo namuhla ngenhle, yakudala, imvuselelo kaPawulu oNgewele, noMoya oNgewele weBhayibheli ubuyele ebandleni futhi.

<sup>88</sup> Kuningi kakhulu okwalokhu kudidizela okuqhubekayo, egameni lobuKristu, okususayo; ihlelo eliningi kangaka, isayense yezenkolelo eningi kangaka, imfundo eningi kangaka. Futhi angizami ukusekela... Abantu abahambi, noma kanjani, bekhubazekile njengoba linjalo ibandla. Nakhu. Likhubazekile njengoba ibandla linjalo, imfundo ayiyona induku yokuqhubela. Ukhlo lwakho luyinduku yokuqhubela yakho. Amen. Kulungile. Imfundo ayisoze yakwenza. Ihlelo alisoze lakwenza. Ayisoze yaba khona inhlango engathatha isikhundla sesahlakalo sasekamelweni eliphezulu. Ayisoze saba khona isikole esiyoke sithathe indawo yePhentekoste. Ngeke kube njalo. “Kungabi ngamandla, kungabi ngempi, kodwa ngoMoya waMi, isho iNkosi.” Yilokho esikudingayo namuhla, sibuyele esehlakalweni seBhayibheli. AmaKristu azelwe ngokusha, futhi ahlanzwa eGazini leWundlu, enziwe mhlophe, avuselelwa, azalwe kabili. Lokho izwe elikudingayo namuhla: imvuselelo, imvuselelo yakudala, uhlobo uPawulu oNgewele ayenaloo cishe ngo-A.D. 66.

<sup>89</sup> Manje, mfowethu, dadewethu, sibuka lesixuku esixubile sikhuphuka. Ngemva kwesikhashana, baqala ukukhononda.

<sup>90</sup> Yilokho esikuthola kuwo wonke umnyakazo kaNkulunkulu. Yilokho wena Methodist okuthola ebandleni lakho. Yilokho wena Baptist okuthola ebandleni lakho; wena Presbyterian, amaPentecostal, noma ngabe ungubani. Uyazithola. Yisixuku esixubile. Yilokho okwakuyikho. Ngenkathi uJohn Wesley enemvuselelo, emuva le ekhulwini leshumi nesikhombisa, isixuku esixubile sangena. Ngenkathi uMartin Luther enemvuselelo, izixuku ezixubile zenyuka. Ngenkathi umBaptisti, ngoJohn Smith, enemvuselelo, isixuku esixubile senyuka. Ngenkathi iPentecostal inemvuselelo, isixuku esixubile senyuka. Futhi yilokho kanye okukubeka eshalofini. Ukube bekungeyangempela, indatshana yangempela, ngabe yahlala

ebandleni, futhi ngabe bakhuleka laba abanye baphuma, futhi baqhubeka. Bekusazobakhona invuselelo ebandleni leMethodisti, iBaptisti, iPresbyterian, nelePentecostal. Kuyisixuku esixubile.

<sup>91</sup> Baphuma. Bathi nje bengafika lapho, baqala ukukhononda. Babenezinyanga ezintathu kuphela bephumile ogwadule, baqala ukuthi, “O, ukube benginogalikhi! Ukube bengineshaladi!” Babephandle lapho, futhi babe bambise ukudla kweziNgelosi ngogalikhi, futhi babekhononda. Ngani na? Ukwazi ukudla okuhle kwabo akukwazanga ukugaya (ukwazi) ukudla kweziNgelosi.

<sup>92</sup> Yileyo indaba namuhla. Asizange sibe nemvuselelo kaMoya oNgcwele yakudala, futhi ukwazi ukudla okuhle kwethu kokomoya ayikwazi ukugaya owangempela, omuhle, uMoya oNgcwele wemfashini endala, ukubambelela emvuselelweni. Ikhawunta; sidinga isithako somuthi nokusetshenziswa kwawo sikaDokotela, leso yisithako somuthi nokusetshenziswa sikadokotela Jesu, esizosilungisa. Impela.

<sup>93</sup> Ababambeleli. Bayaqhubeka; babuyela emuva. Into encane nje yokuqala iyavuka; ukukhononda, ukuqophisana, ukukholiseka. Bathatha...Ibandla eliqala enye yalezozinto, kufana nomdlavuzwa. Kuzobulala ibandla lonke. Kunjalo. Besifanele siqale lokho futhi sikukhiphe.

<sup>94</sup> Manje, ngenkathi bengahambanga kude kakhulu... Manje cabanga, ukudla ukudla kweziNgelosi, kwehla kuvela eZulwini, futhi wayekhononda. Futhi babephuza amanzi eDwaleni elishayiwe; amsulwa, amanzi angcwele okuPhila, futhi wayekhononda. Babefuna amanzi anodaka eNile.

<sup>95</sup> Kukanjalo nanamuhla! Abantu bathi, “O, mshumayeli, unomqondo omncane kakhulu. Ususa zonke izinjabulo ebandleni, uma uqala ukushumayela ngokumelene nalolu hlobo lwezinto nalolu hlobo lwento.”

<sup>96</sup> Mfowethu, uma ibandla limi lapho lizibiza khona, namhlanje, beliyothanda izinto zikaNkulunkulu, futhi lizonde izinto zezwe. Sinesixuku esixubile, yileyo indaba namuhla. Isixuku esixubile, abantu abafisa izinto zezwe, futhi bafuna ukuhambisana nenqonjwana nebandla. Yilokho okubenza bakhubeke futhi bawe. Yilokho okuvala umhlangano womkhuleko. Yileyondlela, lihlelwe nalo lonke uhlobo lwemiphakathi ebandleni, futhi likhiphe i-altare esihlalweni esingaphambili. Futhi okuwukuphela komlilo elinawo usendlini engaphansi. Yilokho okutshela umshumayeli ukuba ashumayele imizuzu eyishumi nanhlanu, futhi akwenze ngamarosari noma izinyoni ezibomvu, noma okuthize.

<sup>97</sup> Kodwa, ngiyanitshela, iBandla elizelwe ngokusha likaNkulunkulu ophilayo lifuna ukuzwa iVangeli. Isizathu, umuntu ozelwe nguMoya kaNkulunkulu, uJesu washo ukuthi



i. . . “Umuntu kayikuphila ngesinkwa sodwa, kodwa ngalo lonke iZwi eliphuma emlonyeni kaNkulunkulu.” Impela kwenza.

<sup>98</sup> Izixuku ezixubile! Bakhuphuka. Yebo. Basebezishiyile izikhundla zabo zokuzigqaja zaseGibhithe, bezigqaja ngemibono yabo yenyama, emishinini yabo yemishini, kwisayense yabo yezokwelapha, ngendlela ababenayo emishinini yabo. Babeqhosha ngezikhundla zabo. Bakushiya lokho, ukuhamba neNyanga enkulu, futhi babelokhu bekhononda.

Ingabe lokho akufani nje nesixuku esixubile namuhla na?

<sup>99</sup> Futhi into yokuqala niyazi, bafika endaweni ebizwa ngokuthi iKadeshi-Barneya. IKadeshi-barineya iyisihlalo sokwahlulela, yayiyisihlalo sokwahlulela somhlaba. Igama langempela lendawo, incazelo yalo, wawu, “umthombo omkhulukazi” owawuphuphuma ngakulesi sixuku samasundu esasimi ogwadule, lapho amanye amaqhugwane amancane, ayebizwa ngomuzi, indawo yokuhlala yesizwe sabantu, noma idlanzana labantu. Futhi ngaso sonke isikhathi lapho, imithombo emincanyanyana eyayiphuphuma yonke indawo, yayiphakelwa kulesi siphethu esikhulukazi esikhulu.

<sup>100</sup> Isithombe esihle kanje sebandla, phandle ogwadule, lapho yonke into yayifanele ize eKadeshi ukuzokha amanzi. Konke kwakufanele kufike eKadeshi, ukuzokha amanzi. Futhi ngakho-ke, umthombo owodwa omkhulu, futhi wawuphakela omunye umthombo. Lowo ngumfanekiso weZulu. Lowo ngumfanekiso wesihlalo sokwahlulela sikaNkulunkulu, lapho ukwahlulela kuqala endlini kaNkulunkulu. Futhi lapho lomthombo owodwa omkhulu wawuphakela, neminye imithombo emincane ephuma kuwo, kusho ukuthi, “iZulu liyisihlalo sokwahlulela sikaKristu, futhi onke amabandla anikeza ukuphila, amanzi, esihlalweni sokwahlulela,” nomaphi lapho abantu beza ebandleni ukuzokwahlulelwa.

<sup>101</sup> Inkathazo yakho iwukuthi, namhlanje, abantu beza esontweni futhi bambambathwa emhlane, nezinto. Yingoba bakhokha ngepuleti lenkongozelo; ngenxa yokuthi baba idikoni; ngoba baba ngenye into, yebandla. Noma, kungenjalo, bangashayela bakhuphuke ngemoto engcono, noma bangagqoka izingubo ezingcono, noma—noma into enjalo. Wena uyahlonishwa futhi umbambathwa emhlane.

<sup>102</sup> Mfowethu esikudingayo namuhla ngabashumayeli abayifeshini endala abazobiza okumnyama ngoku “mnyama,” nokumhlophe ngoku “mhlophe.”

<sup>103</sup> NjengoJohane umBhaphathizi, ngenkathi ephuma ehlane laseJudiya, wayengagqokile kahle kakhulu. wayezizongolozele ngesikhumba semvu, enebhande lesikhumba, ezisonge ngendwangu yoboya bekamela. Futhi waphuma eshumayela ukuphenduka. Futhi ngenkathi uHerode

ethatha umfowabo umkaFiliphu, futhi wayemshadile, weza ngalapho emhlanganweni. Sengiyacabanga umdikoni ethi, “Ungashumayeli ngomshado nesehlukanisiso kulobubusuku, ngoba kukhona indoda enkulu phakathi kwethu kulobubusuku. Ungenzi lutho olunjalo.”

<sup>104</sup> Futhi ungacabanga indoda yemukela uMoya oNgcwele esizalweni sikanina, eke wabambelela kunoma yini eyayisono na? UJohane umBhaphathizi wemukela uMoya oNgcwele ezinyangeni ezintathu ngaphambi kokuba azalwe. Wayefile, esizalweni sikanina. Ukukhulunywa kokuqala kweGama likaJesu, wagxuma futhi weqa esizalweni sikanina. Ubungathini nje umuntu owemukela uMoya wombhaphathizo kaMoya oNgcwele, ezinyangeni ezintathu ngaphambi kokuba azalwe, ukuxegisa ngezinto zezwe na?

<sup>105</sup> Waphuma waqonda ngqo futhi wafaka umunwe wakhe ngaphansi kwekhala lakhe, wayesethi, “Akuvumelekile kuwe ukuthi ube naye.” Yileyo indlela. Ku—kwabiza ikhanda lakhe. Kodwa ungongafi, kulobubusuku, phakathi kwalabo abahlengiwe, kwelinye izwe. Amen. Lokho akuthandwa ngabantu, kodwa kuliQiniso. Amen. Qaphelani!

<sup>106</sup> Ningesabi uma ngithi, “amen.” Kusho ukuthi, “Makube njalo.” Ya. Kunjalo. Manje, ngiyazi ngithola ukuxhuxhuma kancane, kanye ngankathi. Ucabanga ukuthi ngiyaxhuxhuma, kodwa anginjalo. Ngiyazi lapho engikhona. Ngazi kahle nje ukuthi ngikuphi, ngiyazi ukuthi ngikhuluma ngani. Ngiyazi ukuthi ngikhuluma ngoBani; iNkosi uJesu Kristu. Qaphelani ukuthi kuhle kanjani!

<sup>107</sup> Futhi baqala ukukhonona nokukhononda, futhi ekugcineni balethwa eKadeshi. Futhi lapho sebefika eKadeshi, lesisihlalo sokwahlulela, ukwahlulela, khona-ke yonke into yabuthelwa ndawonye.

<sup>108</sup> Futhi ngolunye usuku olukhazimulayo, futhi ngikholwa ukuthi lolosuku seluseduze khona manje, lapho kuzoba khona ukwehlukana phakathi kokulungile nokungalungile. Futhi ngikholwa ukuthi ngingafakazisa ngokwenele, ngegunya langokomBhalo, ukuthi uphawu lwesilo noPhawu lukaNkulunkulu, noma abantu bakaNkulunkulu, luzokwenzeka maduze, futhi ngisho namanje luyenzeka. Uphawu lwesilo luwuphawu lokuhlubuka. Uphawu lwesilo kwakuyilabo abenqaba okulungile; babebhotshozwa endlebeni, ukuba babe sephutheni usuku lwabo lonke. Labo abemukela uPhawu lukaNkulunkulu, umbhaphathizo kaMoya oNgcwele. Kwabase-Efesu 4:30 uthi, “Ningamdabukisi uMoya oNgcwele kaNkulunkulu enabekwa uphawu ngaye kuze kube lusuku lokuhlengwa kwenu.” Sekufike endaweni lapho umuntu engasakwazi ukuphinde ame maphakathi. Kunjalo.

109 Njengomfo nje ozama ukuya eZulwini. Wayenamathikithi ayidlanzana. Indoda yambuza ngenkathi egibela isitimela, yathi, “Angawani amathikithi amaningi kangaka na?” Elinye labo kwakuyiMethodisti, elinye kwakuyiBaptisti, elinye kwakuyiChristian Science, elinye kwakuyiSeventh-day Adventist, elinye kwakuyikho konke. Wathi, “Uwaphatheleni wonke lawa mathikithi na?”

110 Wathi, “Awu, ngizokutshela, mnumzane.” Wathi, “Omunye wayelokhu ethi *leli* lalilungile, futhi *lelo* liqinisile, futhi ngawazama wonke.” Wathi, “Ngicabange ukuthi ngizoletsa ithikithi kubo bonke.” Futhi walahlwa.

111 Mfowethu, yinye kuphela indlela yokuya eZulwini, leyo kungoKristu Jesu, uzelwe ngokusha ngoMoya oNgewele. “Uma umuntu engazalwa ngokusha, akasoze angena eMbusweni,” kwasho iNkosi yethu uJesu Kristu. Amen.

112 Usuku olunje pho esiphila kulo, mngane! Isikhathi esinjena pho esiphila kuso! Yeka ushintsho! Yeka ukuzamazama! uNkulunkulu uhlale njalo eliqinisekisa iBandla laKhe. uNkulunkulu uyokwenza, njalo! Angisho ukuthi bonke beza eTabernakele likaBranham. Ngeke ngathi bonke baya e-Wall Street. Angisho ukuthi bonke baya ebandleni lobuKristu, noma yiliphi ibandla. Ngisho ukuthi uNkulunkulu, kuwo wonke amabandla, unamalungu aKhe, Unamalungu aKhe oMzimba waKhe ozelwe ngokusha. Futhi yibo abaneqiniso kuNkulunkulu. Yilabo abathanda iNkosi uJesu ngenhliziyo yabo yonke, nangawo wonke umphefumulo wabo. Uzobathola befunda iBhayibheli labo, emhlanganweni womkhuleko, benza konke abangakwenza ngenxa yoMbuso kaNkulunkulu. Kunjalo.

113 Kepha isixuku esixubile siyangamela, futhi siyacwila, nokuzama ukubadonsela emuva ezintweni zezwe. Esifanele sibe nakho namhlanje ngenye iKadeshi-barneya, kunjalo, lapho ukwahlulela kuqala khona.

114 Khona-ke kwenzekani na? UKora wasukuma wayesethi, “Baningi abantu abangewele ngaphandle kukaMose.” Futhi wabuthela iqembu elikhulu ndawonye; Futhi uyaphuma-ke naleliqembu elikhulu, futhi uthi, “Singabaprofethi. Futhi siyilokhu, futhi siyilokho.”

115 Futhi kwenzekani na? uNkulunkulu watshela uMose, wathi, “Zihlukanise naye.” Futhi Wavula umhlaba futhi wabagwinya. Lokho kwaba ukuphela kwalabo abakhonondayo, nokuphela kwalabo bantu ababehamba noKora.

116 Khona-ke kwenzekani na? uNkulunkulu wathi, “Sizo...” Watshela uMose, “Thumela izinhloli ukuba zihlole izwe, lapho esiya khona, lapho eNgathembisa khona kuwe.” Uma uNkulunkulu abatshela ukuthi kwakuyizwe elihle, uma uNkulunkulu enza zonke izithembiso zaKhe, lokho

kwakubukeka sengathi kufanele kwenelise noma ubani, uma uNkulunkulu esho njalo.

<sup>117</sup> Manje, sizo—sizo, ngaso sonke isikhathi, mpompoloza, “Mayibongwe iNkosi,” kulokho. Kodwa, mfowethu, uNkulunkulu ofanayo owabenzela lesosithembiso usenzela zonke izithembiso Abenzela zona. Kungani sikungabaza na?

<sup>118</sup> “Uzama ukuthini, Mfowethu Branham na? Ngabe isixuku esixubile na?” Yebo, ncamashi, kunjalo. Yisixuku esixubile. Futhi siseKadeshi khona manje, lapho nizo . . . [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

<sup>119</sup> Amadoda amakhulu ezweni! Sike saba noJack Schuler, uBilly Graham. Sike saba no-Oral Roberts, u-Tommy Hicks, u-Tommy Osborn. Sike saba namadoda amaningi anamandla ashanela emuva naphambili lesi sizwe. Futhi, kulobubusuku, maningi amajoyinti ogweva kunamabandla. Futhi akhula njalo njalo. Yini indaba na? Kukhona isixuku esixubile.

<sup>120</sup> Ake nginitshela okuthize. Lesisizwe masingabizi nje ihora elilodwa, usuku oluthile, libekelwe umhlangano womkhuleko, lapho cishe iphesente elilodwa lenkulungwane eyodwa lizozama ukuwuthamela. Uvumela lesi sizwe sonke siphendukele kuNkulunkulu, futhi ubhidlize wonke amajoyinti ogweva, udilize yonke imishini yokuphisa utshwala, futhi uhlakaze yonke indawo yokuphuzela utshwala enomsindo, nazo zonke izinto; futhi ukhumule lezi zikhindi ezincane ezindala ezingcolile kwabesifazane, futhi ukwenze kube icala lasetilongweni lokuhlumelelisa izimilo ukuzigqoka emgwaqeni; futhi uhlanze ikhaya, nendlu, nebandla; futhi ubeke abashumayeli emva kwepulpiti, esikhundleni solunye uhlobo lwa ‘zinwadi zezenkolo; abangele ukuba kufike imvuselelo yakudala, lapho abesilisa nabesifazane beyomemeza kuNkulunkulu, sizoba nemvuselelo eyoshanela izwe, futhi iwukuzivikela okukwedlula konke esake saba nakho. Yinto kuphela ezweni ezomisa ibhomu le-athomu. Wena unendawo yokukhosela yamabhomu, ngaphansi kwephiko laKhe. Amen. Kunjalo. Qaphela.

<sup>121</sup> IKadeshi-barneya ifika endaweni lapho okwakufanele kube khona ukwahlulelwa. Futhi uMose wakhetha abayishumi nambili, oyedwa esizweni ngasinye, futhi wabathumela ukuba bayohlola izwe.

<sup>122</sup> Lapho bebuya, ngifisa sengathi ungaqaphela ukuthi umbiko onjani! “O,” bathi, “yizwe elihle. O, yizwe elimangalisayo. Ligeleza ubisi noju.”

<sup>123</sup> “Kodwa,” abayishumi babo bathi, “asikwazi ukulithatha. Asikwazi ukulithatha. O,” bathi, “sahlangana na—nama-Amori, namaMidiyani, na—namaKhanani, nakho konke lokho. Ngani, sasibukeka njengezintethe, eceleni kwabo. Bangabafo abakhulu kakhulu. Futhi imizi yabo yonke ibiyelwe phakathi, futhi ayikho indlela yokuthi sike singene. O, izinhliziyi zethu ziyaphela

amandla phakathi kwethu. Asikwazi ukulithatha.” Futhi, ivoti elidumile labantu, abantu balithola.

<sup>124</sup> Kepha kwakumi ababili lapho, omunye wayebizwa ngoKalebi, nomunye wayebizwa ngoJoshuwa, owabuya nehlukezo lezithelo zamagrebhisi, ukuthi amadoda amabili kwadingeka awathwale. UKalebi wathi, “Zuthuliseni, ngaphambi komprofethi. Zithuliseni.” [UMfowethu Branham ungqongqoza kane epulpiti—Umhl.] Wathi, “Siyakwazi kahle ukulithatha. Asihambe silitathe, ngokushesha!”

<sup>125</sup> Esikudingayo kulelihora yindoda ezophonsela inselele isithembiso sikaNkulunkulu phambi kwabantu. UNkulunkulu wethembisa ukuthululwa kwesibusiso sepentekoste ngezinsuku zokugcina, ngisho ukuthululwa kwepentekoste kwangempela, futhi sekuyisikhathi sokuthi kufike. Sekufike enye iKadeshi-barineya. Yebo, mnumzane.

<sup>126</sup> Bathi, “Singakwenza kahle. Impela, singakwenza.” Kwakuyini na? Lawo malungu ebandla angamagwala ayebehe lokho ayengakubona ngamehlo awo, kodwa uKalebi noJoshuwa babebheke esithembisweni sikaNkulunkulu. Angikhathali ukuthi kungakanani ukuphikisa ababenakho, ukuthi izidlakela ezinkulu zazibukeka kanjani, uthango lwalubukeka lukhulu kanjani, babebheke esithembisweni sikaNkulunkulu.

<sup>127</sup> Futhi wonke owesilisa nowesifazane kulobubusuku, ofuna ukuqhubeka noNkulunkulu, engakunaki lokho izwe elikushoyo, ukuthi singakwazi noma asikwazi; UNkulunkulu wakuthembisa, futhi lokho kuyakuxazulula. “UNkulunkulu washo njalo!” Ngiyakuthanda lokho. Uma uNkulunkulu esho njalo, lokho kuxazulula kuze kube phakade.

<sup>128</sup> Ngiyanitshela, kulobubusuku. Siye saba nokuzenzisa okuningi okungamanga. Sibe nenkolelo eningi yokwenza izimonyo. Sibe nezinto eziningi eziqhubekile nombukiso. Impela. Udeveli uhlezi ephonsa abanduleli bakhe kuwe, njengomgunyathi wokwethusa abantu. Sibe nePhentekoste lamanga. Sibe nemvula yamanga. Sibe namanga *lokhu nalokho*.

<sup>129</sup> Kodwa phakathi kwakho konke nokuncane kwakho, kukhona umbhaphathizo wangoqobo kaMoya oNgcwele. Kunesibusiso soqobo sepentekoste, futhi. Kunokuphulukiswa ngokukaNkulunkulu koqobo. KunoMoya woqobo. Kunabantu boqobo. Futhi yisikhathi semashi. Kunjalo.

<sup>130</sup> Abantu, ngehora lesinqumo manje! Ufanele wenze isinqumo. Lelibandla lifanele lenze isinqumo. Wonke umuntu ufika endaweni lapho kunehora elibucayi. Kwafika isikhathi esibucayi lapho kwakufanele wenze isinqumo. Isihlalo sokwahlulela, owawukuso. Wawufanele uthi, “Nginecala,” noma, “Anginacala.” Lapho umi phambi komahluleli, ufanele wenze isinqumo.

131 Futhi, kulobubusuku, iTabernakele likaBranham lizofanele lenze isinqumo. Kuphakathi kokuthi sizoqhubeka noma sibuyele emuva. Kunjalo. Ubuyela kugalikhi ne-neshaladi, nezinto zaseGibithe, noma udlulela ekudleni kweziNgelosi, ezweni lesethembiso lapho uNkulunkulu enza khona isithembiso. Siqhubekela emfashini endala, imvuselelo kaMoya oNgcwele; noma uzobe udidizela, ufaka uzungeza, futhi ucofa njengenyoni irobin e-aphuleni, kuze kube usuku ofa ngalo. Ufanele wenze isinqumo sakho. Awukwazi ukuqhubeka. “Kungani nimanqikanqika phakathi kwemibono emibili na?” kwasho u-Eliya. “UNkulunkulu makabe nguNkulunkulu, Mkhonze. Uma Engeyena uNkulunkulu, khona-ke ningaMkhonzi.”

132 Uma ulwazi lukaNkulunkulu lwangempela yilo olususa isono enhliziyweni yomuntu, futhi hhayi ukusonta, noma ukuba ngowesizwe sesigodi esithile, noma ukuba ngowenhlango, engingenakho engingakusho ngiphikisane nakho. Lezo zinto zilungile. Uma . . .

133 Imfundo ngeke ikulethe. Sizame izikhathi eziningi futhi sakhapha imithombo evuzayo kuyo. Sasicabanga, ngesinye isikhathi, lapho sineBig Four, eyayizoxazulula zonke izimpi. Ayizange ixazulule izimpi. Yayinokuvuza kuyo. Sicabangile, ngesinye isikhathi, ukuthi uhlelo lwemfundo lwaluzosindisa umhlaba wonke. Futhi thina esifundile, futhi sinani na? Isigejane sabafundile abangakholelwa kuNkulunkulu. Kunjalo impela. Sasicabanga ukuthi izinhlangano zomphakathi ngesinye isikhathi zaziyoindisa izwe. Futhi siye sathole ukuthi izigebengu ezimbi kakhulu esinazo ziphuma kokubizwa ngezihlangano zomphakathi zazo. Imfundo nomphakathi ngeke kusindise umhlaba.

134 Munye kuphela uMsindisi wezwe, futhi lelo yiGazi likaJesu Kristu owathululwa ngesihle eKalvari, kukho ukuthethelelwa kwazo zonke izono umuntu ake wazenza. “Walinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu, wachotshozwa ngobubi bethu, isijeziso saKhe. . . ukuthula kwethu kwakuphezu kwaKhe, nangemivimbo yaKhe siphilisiwe thina.” Ngiphonsa inselele kunoma yimuphi owesilisa noma owesifazane, eGameni likaJesu Kristu, ukuthatha uNkulunkulu esethembisweni saKhe, kulobubusuku, futhi abone ukuthi kulungile noma akulungile.

135 Ngibabonile abafuleyo bevuswa; ngenkathi odokotela behamba, bebamemezela ukuthi bafule. Ngibonile izimpumpethe zenziwe zibone, zazingaboni ngokuphelele iminyaka neminyaka. Ngizibonile izithulu, nezimpumpethe, nezinyonga, nezishosha; ukweqa, nokugxuma, nokudumisa iNkosi. Ngizibonile izifebe ziphuma emgwaqeni futhi ziba amanenekazi. Ngibone izidakwa ziphuma emahholweni okugembula, nendawo yamacebo alomhlaba, futhi babe ngabanumzane abahloniphekile nabangcwele. Ngiphonsela

inselele noma yimuphi umuntu ukuthi aveze enye into ezokwenza lokho.

<sup>136</sup> Ngiyibonile indoda eyathatha i-Alcoholics Anonymous futhi yazama ukuphiliswa. Yathatha imijovo, yathatha yonke into, nayo yonke isayense ephathelene nengqondo emhlabeni, nohlobo olulwedlula konke lodokotela ababengatholwa ukuba babanikeze ukwelashwa, futhi behluleke. Futhi ngiyibonile leyondoda efanayo icoshwa ngeGazi likaJesu Kristu, futhi yenziwa ongwele kaNkulunkulu, nomshumayeli weVangeli. Amen.

<sup>137</sup> Ucabanga ukuthi ngingumgingqiki ongwele na? Mhlawumbe nginguye. Kunjalo! Kodwa uma kuthatha igama lo “mingqiki ongwele” ukuthola umusa kuKristu, nokulahlwa yizwe, khona-ke ngingomunye wabo. Kunjalo. Bukani. NgiyaMthanda.

<sup>138</sup> Unesinqumo okufanele usenze. UseKadeshi, uyabona; uyabo, angeke ngime isikhathi eside. Kungani umanqikanqika phakathi kwemibono emibili na? Kungani ibandla lingavuthi na? Kungani indawo ingagwele abantu na? Kungani izibonakaliso nezimangaliso ezinkulu zingenziwa na? Ungakubeki kumelusi. Nguwena. Sinesixuku esixubile; omunye edonsa ngenye indlela, nomunye kwenye. Ufanele ufike esikhathini sesinqumo. Uma kungumelusi, mxoshe, mkhiphe bese ufaka omunye ozothatha indawo yakhe. Uma kuyidikoni, lisuse ebhodini bese ubeka omunye umuntu endaweni yakhe, ozothatha indawo. Uzokwenzani mfowethu na? UNkulunkulu ubeke umthwalo phezu kwakho. Yilokho kuphela. Futhi siye, ngamunye, ufanele aziphendulele ngezono zethu uqobo, futhi aphenndule ngoSuku lokwaHlulela. SiseKadeshi-barneya!

<sup>139</sup> Futhi iZwi likaNkulunkulu lathi singakuthatha. IZwi likaNkulunkulu lathi singaba nemvuselelo. IZwi likaNkulunkulu lashi ukuthi Uyovuka ngezinsuku zokugcina, zonke lezi lapha izibonakaliso nezimangaliso. Futhi Ukwenzile. Wonke umuntu ume endaweni yakhe, kodwa into okufanele siyenze wukuhlangana futhi siqale invuselelo. Yini esingayenza na? Isinqumo sakho singase sifike manje. Isinqumo sakho singase sifike ngesinye isikhathi. Kodwa uma sifika manje, kungcono uphendule kuso. Wena uthi, “O, mfowethu, ngi... Awu, ngizokwenza isinqumo ngolunye usuku.” Ufanele usenze. Futhi khona manje yisikhathi sokusenza. Kunesikhathi lapho wawune... .

<sup>140</sup> Lapho uhamba nomkakho, mfowethu, kwakufanele wenze isinqumo sokuthi uzoshada noma qhabo. Wawufanele wenze isinqumo. Kungase kufike, abanye bethi ngale ndlela, “Akumele ushade.” Abanye bathi, “Awu, kungcono ushade.” Omunye uthi, “Awu, ujabula kakhulu uma ushadile.” Omunye uthi, “Unquma umphimbo wakho.” Zonke lezi zinto ezahlukene. Kwakumele

wenze isinqumo. Kunjalo. Izahlulelo, zaseKadeshi-barineya, ziza kuwe.

<sup>141</sup> “Mhlawumbe abanye benu lapha bekufanele nje bahlukanisile.” Kufanele kube nesikhathi, ngesinye isikhathi, lapho kufika ukungaboni ngaso linye emndenini. Kufanele kuqondiswe, ngandlela thize. Ufanele wenze isinqumo. Ake ngikutshele, mfowethu, kulobubusuku, isinqumo okufanele usithathe, ukuthi, wena nomkakho nigaxane, uma uzokhothama phambi kukaNkulunkulu, futhi uguqe ngamadolo, futhi wenze isinqumo sokuthi uzokhonza uJesu Kristu, futhi Yena kuphela, futhi izinkantolo zesehlukaniso zizomuncwa zome nkwe. Kunjalo! Akudingeki ukukhuluma nommeli wakho. Ukukhuluma noMsindisi wakho kuyadingeka. Kunjalo. Ummeli angase akunike iseluleko, kodwa uMsindisi angakusindisa. Ummeli angase akunike isayense ephathelene nengqondo, ezinye zezifundo zakhe zengqondo, kodwa uJesu Kristu angakunika umusa nothando lwaKhe. Kuzothatha indawo yakho konke.

<sup>142</sup> Uma ugula kulobubusuku, ufanele wenze isinqumo, noma ngabe uzomemukela uKristu njengomphulukisi wakho, noma qhabo. Awukwazi ukudizizela, ukuzilazila nayo. Ufanele uthi, “NgiyaMkholwa,” noma, “AngiMkholwa.” “ngizophila,” noma, “ngeke. Anginalo ukholo olwanele lokuthi ngiphile.” Ufanele wenze isinqumo sakho.

<sup>143</sup> Uma uyisoni, kulobubusuku, ufanele wenze isinqumo sakho. UseKadeshi-barneya. Usendaweni yesihlalo sokwahlulela.

<sup>144</sup> Yayiyini leyo mithombo emincane na? Ngamabandla, emele, aphuma, lapho ukwahlulela kuqala khona endlini kaNkulunkulu. UJesu washo njalo. I-iBhayibheli lasho njalo. Ukwahlulela kuqala endlini kaNkulunkulu. Sisendlini kaNkulunkulu, kulobubusuku, futhi ufanele wenze isinqumo sakho.

<sup>145</sup> Ufanele wenze isinqumo sakho, noma ngabe uzoza kuKristu, noma uzoMnqaba kulobubusuku. Sonke isoni phakathi lapha sifanele senze lesosinqumo khona manje.

<sup>146</sup> Kuphakathi kokuthi uzophuma ngalowo mnyango, owesilisa noma owesifazane ongcono kunalokhu ongene uyikho, noma uzophuma usumubi kakhulu kunalokhu obuyikho lapho ungena. Awukwazi ukuma umaphakathi kulobubusuku. Ufanele ukwenze.

<sup>147</sup> Lokhu bekusenzliziweni yami, manje kuse... Bekusenzliziweni yami, manje sekusesandleni sakho. Ufanele wenze isinqumo sakho. Futhi ufanele wenze isinqumo. Mhlawumbe uke waba yilungu lebandla elihle. Mhlawumbe ubulokhu ulangazelela ukuthi ufuna okwengeziwe kukaNkulunkulu. Ungahle ufune ukwenzela uNkulunkulu okuthile. Khumbula, ungumuntu ofayo kanye kuphela, futhi leso sikhathi yisikhathi esisodwa kuphela lapho oyoba khona



ngofayo. Futhi lesi kungaba yisikhathi sokuthi ufanele wenze isinqumo sakho. Kuphakathi kokuthi uzokhuphuka noNkulunkulu, noma uhlale lapho okhona.

<sup>148</sup> Ungahle kudingeke wenze isinqumo sakho kulobubusuku. Uma kunjalo, ngikhulekela ukuthi uzolahla yonke into ikhululeke. Khumbulani, angikhathali ukuthi kuyini, uma kungumsebenzi, uma kungumndeni, uma kungabathandiweyo, uma kungobambisene nabo, uma kungabalingane bakho, noma noma ngabe kungubani, hlukana nakho konke. “Oze abeke isandla egejeni, ajike abeke emuva, akakufanele ukulima.” Kunjalo. “Susa konke okusindayo nesono esithandela kalula.” Yini leyo na? “Susani konke okusindayo, nokungakholwa okunithandela kalula, futhi nigijime lomjaho ngokubekezela, okubekwe phambi kwenu.”

Singakhuleka.

<sup>149</sup> Baba waseZulwini, eGameni likaJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu, Ngiletha lomlayezo omncane ekuvaleni, bese ngiwuphonsa phezu kwezinhliziyi zabantu. Wena owazi inhliziyi yabo bonke abesilisa nabo bonke abesifazane, wena owazi inhliziyi yawo wonke umfana nentombazane, wazi inhliziyi yawo wonke umuntu. Uyayazi inhliziyi yami. Futhi yonke indlela kusukela epulpiti kuya kumlindi, Nkosi, Uyayazi inhliziyi yawo wonke umuntu. Uyazi ukuthi sidinga ini. Asazi. Into eyodwa kuphela esiyaziyo, siyazi ukuthi siyamdinga uJesu.

<sup>150</sup> Futhi, O Kristu kaNkulunkulu, Ubungethembisa (qhabo, Nkosi) futhi ungakugcwalisi na? Wena wathi, “Nomaphi lapho ababili noma abathathu bebuthene eGameni laMi, Ngiyoba phakathi kwabo. Futhi uma beyocela noma yini eGameni laMi, Ngiyokwenza.” Yeka inselele ebandleni lethu, Nkosi! Yeka inselele emphakathini wethu! Yeka inselele kubantu bakithi, kulobubusuku, Osinike yona! “Uma nintula utho, celani kuNkulunkulu. Uzokunika.”

<sup>151</sup> Manje ngiyakhuleka, Baba waseZulwini oThandekayo, ukuthi, kulobubusuku, ukuthi Uzothulula ngesihle uMoya oNgcwele, wokulahlwa icala, futhi ugwebe yonke inhliziyi ngesidingo sabo. Neyami, ngakho, Nkosi, njengoba silinda kuWe, eGameni likaKristu.

<sup>152</sup> Manje sisakhothamise ikhanda ethu, udade uzosinika indlela opiyaneni. Ngizonibuza umbuzo. Lesi kungahle kube yisikhathi senu sesinqumo.

<sup>153</sup> Bangaki phakathi lapha, ngabe ukhona oyedwa owesilisa noma owesifazane, umfana noma intombazane, ongeyena umKristu, oyisoni na? Futhi ufuna ukwenza isinqumo ngoJesu Kristu, futhi uyezwa ukuthi Okuthile kungqongqotha enhliziyweni yakho ngalesisikhathi na? Ungasiphakamisa isandla sakho ngesinqumo sakho, futhi uthi, “Manje ngenza isinqumo sami sokukhonza uKristu”? UNkulunkulu akubusise,

mnumzane. Omunye na? “Manje ngenza isinqumo sami.” UNkulunkulu akubusise, nenekazi elincane. Omunye na? UNkulunkulu akubusise, emuva lapho, nenekazi elincane.

<sup>154</sup> Omunye, yenza isinqumo sakho? “Manje ngizokhonza uKristu. Sengifike ekugcineni. Sengifike enhlekeleleni. Leli yihora. NgiseKadeshi-barneya. UNkulunkulu umi enhliziyweni yami. Ngingakwazi ukudlula na? Ngingamhlala umngane wami na? Ngingamhlala imlingane wami wezwe na? Ngingawelela emngceleni ngaleya, ngingene ezweni lesethembiso lapho uNkulunkulu athembisa khona na? Ngabe ngizoba nguKalebi, ngizoba nguJoshua, emlandweni wesikhathi. Ngabe ngizoba uKalebi noma uJoshua ezincwadini zikaNkulunkulu na? Noma, ngabe mina, kulobubusuku, ngizohlehla ngobugwala bami, nokuhlanganisa okuphuzi, bese ngihlehla na?” Nkulunkulu, susa lokho kuwo wonke owesilisa nowesifazane, futhi ubenzele isinqumo, umenzele uKristu kulobubusuku. Ungasiphakamisa isandla sakho na? Mina... Omunye futhi. UNkulunkulu akubusise. Ngiyakubona emuva lapho.

<sup>155</sup> Omunye na? Ngaphandle, ungakhuphukela efasiteleni ndawana thize na? Bese ubeka isandla sakho efasiteleni, uthi, “Ngizokwenza isinqumo sami ngoKristu. ngiseKadeshi-barneya, Mfowethu Branham.”

<sup>156</sup> Ngabe ukhona omunye umuntu lapha ongakwenza na? Ngabe ukhona umhlubuki obengathi, “Ngizokwenza isinqumo sami, kulobubusuku. Zilukhuni izindlela zesaphula-mthetho. Angeke ngisakhonza izwe. Kusukela kulobubusuku, kusukela manje, ngizokhonza uKristu. Manje ngenza isinqumo sami. Ngizophakamisa isandla sami. Ngibe yisoni. Futhi ngibe ngumKristu, kodwa ngihlubukile, futhi ngifuna uNkulunkulu abe nomusa kimi.”

<sup>157</sup> Ngabe ukhona lapha kulobubusuku, ongumKristu, ongowesilisa noma umuntu kaNkulunkulu, kodwa ubulokhu ulibala endleleni, awukenzi njengoba uNkulunkulu ekutshelile. Ubuwehla wenyuka. Uye walalela izinto obekungafanele uzilalele. Wenze izinto obungamele uzenze, futhi ufuna uNkulunkulu akuthethelele. Futhi ufuna isiqalo esisha kusukela kulobubusuku kuqhubeke. Ukwenza isinqumo sakho ngoNkulunkulu khona manje, futhi uthi, “ngizokwenza”? Ungasiphakamisa isandla sakho na? UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise, wena, wena, wena. O, lokho kuhle. Kulungile.

<sup>158</sup> Ukhona omunye ophakamise isandla sakho na? Ngifuna uphakamise isandla sakho. Lokho kungukwenza kwakho, kukaNkulunkulu. UNkulunkulu uyasibona isandla sakho. Wena uthi, “Kusiza ngani lokho na?” O, phakamisa isandla sakho sokunene kanye, kuNkulunkulu, futhi uthole ukuthi kwenzani. Phakamisa isandla sakho sokunene, ezinkantolo, funga amanga,

futhi ubone ukuthi kwenzekani kuwe, uzobanjwa yikho. Phakamisa isandla sakho kuNkulunkulu futhi wenze isifungo, bese-ke ubhekisisa uma uMoya oNgewele ungakubambi ngakho. Lapho uNkulunkulu esemnyango wenhliziyo yakho, yenza isinqumo sakho. [UMfowethu Branham unqongotha epulpiti izikhathi ezingamashumi amabili nanye—Umhl.]

<sup>159</sup> UseKadeshi-barneya. Ngaley a kubekwe zonke izibusiso uNkulunkulu akwethembise zona. Ngaley a kulele imvuselelo yemfashini endala. Lapho kulele intokozo, ukuthula, ukubekezela, ukubuvi, ububele, ubumnene, ukukhuthazela, okubekwe phambi kwakho, futhi awukuthathi. Kungokwakho. UNkulunkulu ukuthembisile kuwe. Uyakufuna na?

<sup>160</sup> Ingabe ukhona umndeni lapha, osuzohlukana na? Niyaphikisana futhi niqophisane, futhi niyazi ukuthi akufanele nikwenze. Unamahloni, indlela owenza ngayo ngakumkako, noma umyeni wakho, futhi ufuna uNkulunkulu, kulobubusuku, ngomusa yaKhe, ukuba aninike umusa wokunqoba, ukugaxa owesilisa noma owesifazane, bese uthi, “S’thandwa, ngomusa kaNkulunkulu, kusukela kulobubusuku kuqhubeke, isinqumo sethu, ‘ngizophilela uNkulunkulu.’” Phakamisa isandla sakho. Ingabe ukhona umndeni na? Wonke umuntu nekhanda lakho likhotheme manje. Vele uphakamise isandla sakho. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] Ngiyabonga kakhulu ukuthi awukho. Kodwa uma ukhona, uNkulunkulu uyakwazi ukunakekela zonke izinto.

<sup>161</sup> Ngabe ukhona umuntu lapha kulobubusuku obesegule, isikhathi eside na? Futhi mhlawumbe, ubonakala sengathi ukhulekelwe, kodwa awunakho ukukholwa kokuba unqobe. Kodwa khona manje, ukuthi uzokwenza isinqumo sakho. “Nkosi Nkulunkulu, kusukela ngalo kanye lelihora, ngizoKukhonza. Futhi ngiyaphuma lapha, ngifakaza ngomusa kaNkulunkulu, ukuthi ngemivimbo yaKhe ngiphulukisiwe. Futhi ngizokukholwa, kusukela kulobubusuku kuqhubeke.” UNkulunkulu akubusise, nenekazi. UNkulunkulu akubusise, mnumzane. UNkulunkulu akubusise, nawe. Kuyamangalisa. Kulungile. Ngizokukhulekela emizuzwini embalwa. Ngizocela uNkulunkulu ukuthi akuphe khona.

<sup>162</sup> Ngiyamangala, kulobubusuku, uma omunye wabantu ongeyena umKristu, engathanda ukwenyukela e-altare futhi aguqe phansi? I-altare livuliwe. Uma ungathanda ukukhuleka umkhuleko ovulekile kuNkulunkulu, i-altare livuliwe. Kohlubukayo noma okwendoda ehamba phansi, noma ngabe kungaba ngubani, i-altare livuliwe. Wamukelekile. UseKadeshi. Isahlulelo siyaqhubeka. UNkulunkulu umi elule izingalo, elungele.

<sup>163</sup> Lowo muntu ogulayo angafuna ukuma ngezinyawo zakhe, ukwenza isivumo emphakathini sokuthi manje sebemamukele

uKristu njengoMphulukisi wabo. Futhi athi, “Kusukela kulobubusuku kuqhubeke, ngizomkholwa uNkulunkulu,” futhi ngibakhulekele. Uma uthanda, wamukelekile ukuba ume ngezinyawo zakho. Kulungile.

Abathathu benu bamile. Yibani nilokhu nimile nje, uma nithanda.

<sup>164</sup> Manje, Baba waseZulwini, ngenkathi bemi ngezinyawo zabo, uMoya oNgcwele kade ukhuluma. Futhi ngiyaKuncenga, Baba waseZulwini, ukuthi umusa waKho uzonikezwa lendoda, bobabili, nalona wesifazane, nalena enye indoda esanda kuma. O Nkulunkulu waPhakade, ngemivimbo yeNkosi uJesu Kristu, baphulukiswa. Nkulunkulu, wehlisele phansi. Wenze kwaba ngokoqobo kubantu. Futhi ngiyakhuleka... Nkosi, Wena wathi, “Akekho ongeza kiMi, uma uBaba waMi engamdonisi.” Futhi manje uMoya oNgcwele ukhulumile kubo, futhi akukho okunye okungenziwa. Benze isinqumo sabo, ukuthi kulobubusuku bayakwemukela Wena njengomphulukisi wabo. Futhi bayaphuma kulelitabernakele bekhulwa ukuthi bazoba ngokwejwayelekile futhi baphile.

<sup>165</sup> Nkosi, lingeke lehluleke, kungenjalo kunokuba uNkulunkulu engehuleka. Siyaqaphela ukuthi akekho umuntu obaluleke ukwedlula izwi lakhe. Futhi kulobubusuku, bayakhulwa futhi bemukele. Futhi bazakukwemukela, Nkosi, njengoba ngibakhulekela lomkhuleko wokukholwa, eGameni likaKristu. Amen.

<sup>166</sup> Ningahlala. UNkulunkulu anibusise. Kholwa ukuthi ngenhliziyo yakho yonke, izinkinga zakho seziphelile.

<sup>167</sup> Bangaki abaMthandayo futhi abangathanda ukumasha baye eSiyoni kanye naYe na? Ake sibone izandla zenu zikhuphuka. Kuyamangalisa lokho. Akunandaba noma ngabe ungowaliphi ibandla. Kulungile.

<sup>168</sup> Asime ngezinyawo zethu manje sisacula *Hamba NeGama LikaJesu*. Kulungile, dadewethu, uma uzosinika . . .

. . . iGama likaJesu . . .

<sup>169</sup> Manje phenduka ngokuzungeza ngqo bese uxhawula umuntu oseduze nawe. Finyelela ngokuzungeza ngqo bese uxhawula.

. . . wosizi;

Lizokunikeza injabulo nentokozo,  
Lithathe noma uyaphi.

O Gama eliligugu, (Gama eliligugu) O  
limnandi kangaka!

Themba lomhlaba nokwethaba kweZulu;  
Gama eliligugu, (Gama eliligugu) O limnandi  
kangaka!

Themba lomhlaba nokwethaba kweZulu.

<sup>170</sup> Bonke abaMthandayo, ngokuphakeme, ngenhliziyo yakho yonke, nangawo wonke umphefumulo wakho, ngengqondo yakho yonke, ngamandla akho onke, phakamisa isandla sakho *kanje*, futhi uthi, “Mayibongwe iNkosi.” [Ibandla lithi, “Mayibongwe iNkosi.”—Umhl.] Kuhle lokho. Kulungile, manje.

NgeGama likaJesu siyakhothama,  
Siwa sikhuleka ezinyaweni zaKhe,  
iNkosi yamakhosi . . .  
Lapho uhambo lwethu selufeziwe.

Gama eliligugu, O limnandi kangaka!  
Themba lomhlaba nokwethaba kweZulu;  
Gama eliligugu, O limnandi kangaka!  
Themba lomhlaba nokwethaba kweZulu.



*EKADESHI-BARINEYA ZUL56-0527*

(At Kadesh-Barnea)

LomMlayezo ngo Mfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgisi ngeSonto kusihlwa, ngoMeyi 27, 1956, eTabernakele likaBranham in eJeffersonville, eIndiana, U.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwa ungafinqiwe ngesiNgisi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2022 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE  
58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE  
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS  
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.  
[www.branham.org](http://www.branham.org)

## Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS  
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.  
[www.branham.org](http://www.branham.org)